Isaziso Samalungu Ngomthethosisekelo Ogunyaziwe Wangonyaka Wezi-2021: 2021.029

Malungu

Umnyango Wezemisebenzi Nabasebenzi ukhiphe umyalelo ngonyaka wezi-2019 oyalele izinyunyana ukuba zichibiyele imithethosisekelo yazo ukuze ihambisane nesichibiyela esenziwe emthethweni i-Labour Relations Act esimayelana neziteleka.

ISigungu esiphezulu se-UKSU sithathe isinqumo sokubuyekeza wonke Umthethosisekelo ukuze kuqinisekiswe ukuba usahambelana nokwesimanje kuzo zonke izigaba zawo. Izichibiyelo zamenyezelwa kumalungu ngezaziso 2020.054 no-2020.056.

Umthethosisekelo ochitshiyelwe oyisiphakamiso wathunyelwa e-DoEL ekuqaleni kukaNtulikazi (July) 2020. Ngesonto elidlule, uMnyango unxuse ukuba kwenziwe izichibiyelo esigabeni 6.1. Ukubalwa kwalesi sigaba akuguqukile, sinikwe inombolo entsha eyi-8.1. Isigaba sithi "Imali yobulungu ekhokhwa ngenyanga izokhokhwa yilungu ngalinye le-UKSU. Imali yobulungu ekhokhwayo manje kufanele ibonakale efomini lesicelo sobulungu".

UMnyango ubudinga ukuba lesi sigaba sihlanganise nemali yobulungu ekhokhwayo ukuze sifundeke kanje "Imali yobulungu ekhokhwa ngenyanga engama- R50.00 izokhokhwa yilungu ngalinye le-UKSU. Imali yobulungu ekhokhwayo manje kufanele ibonakale efomini lesicelo sobulungu".

UMthethosisekelo ugunyazwe uMnyango Wezemisebenzi Nabasebenzi ngomhla wezi-21 kuNhlaba (May) 2021. Lokhu okunanyathiselwe kunguMthethosisekelo ogunyaziwe nosebenzayo ukuze nizigcinele wona.

Ngokuzithoba
ISigungu Esiphezulu se-UKSU